

Inhloko Kwezobuchwepheshe kwaSARS ihlomule indondo yeSisebenzi Solwazi Esiyinhloko sonyaka i-CIO

Tshwane, 5 kuZibandlela 2022 – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lufisa ukuhalalisela ukubongwa kweNhloko Kwezobuchwepheshe i-Head of Technology and Solutions Delivery (TSD), uMnu Intikhab Shaik, ngokuhlomula indondo ye-*Institute of Information Technology Professionals South Africa* (IITPSA) eyaziwa ngeNdondo kaMongameli njengeSisebenzi Solwazi Esiyinhloko Sonyaka.

Okwenza lomklomelo omuhle kangaka uqapheleke ukuthi umsebenzi kaMnu. Shaik wawuqathaniswa nozakwabo embonini kuyo yomibili imikhakha okahulumeni nozimele. Ukutholakala kokuthi umsebenzi wakhe uhamba phambili ukudlula bonke abanye kuwubufakazi bezinga eliseqophelweni lobuholi bakhe kwezobuchwepheshe. Kwakungesikhathi sokhuvethe i-COVID-19 la ubuhlakani bukaMnu. Shaik nethimba lakhe kwabonakala kahle khona.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter, ngesikhathi kubongwa uMnu. Shaik, uveze lokhu: "Ngenkathi kunamazinga ehlukeno omvalawandlini, uMnu. Shaik nethimba lakhe basungula baqalisa ukusebenzisa izisombululo ezingaphezulu kwezingama-40 zedijithali ezazisetshenziswa ngaphakathi ezenza uSARS ukwazi ukuqhubeka uhlinzeke ngosizo kubakhokhintela kanjalo nokwenza umyalelo wawo wokuqoqa imali okumele iqoqwe. Ukuqhubeka nokusebenza kukaSARS ngalesi sikhathi, kwabonakala ngokusebenzisa izinkundla zobuchwepheshe ezasungulwa yithimba le-TSD ngaphansi kobuholi buka-Intikhab. Lokhu kube negalelo elikhulu ekusebenzeni komnotho wezwe phezu kwemigomo eyayibekiwe ngesikhathi sokhuvethe i-COVID-19. Siyaziqhenya kakhulu ngaleli galelo futhi sikholelwa ukuthi ukubongwa esidlangaleni kulifanele."

Ukwazi kukaSARS ukusebenzisa isayensi yemininingo, ubusingabuhlakani kanye nokusebenzisa amasu obuchwepheshe kuyabonakala ngokuqaliswa ukusetshenziswa kokuhlola okuzenzekelayo i-auto-assessment okwasetshenziswa kubakhokhintela abangaphezulu kwezigidi ezi-4. Lokhu kuhambisana nenhloso yethu yokwenza ukuthobela imigomo yentela kube lula kubakhokhintela abathembekile ngenkathi senza kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abahlose ukukhwabanisela uhlelo lwentela."

Impumelelo yethimba le-TSD ngaphansi kobuholi obuyisibonelo bukaMnu Shaik, kuhambisana noMbono kaSARS wokwakha "uSARS wesimanje ohloniphekile ngokungabazeki, owethenjwayo futhi oyisibonelo esihle. Lokhu kuhambisana nomumo wesikhungo ngokuhlanganyela wokuthatha igalelo laso njengelungelo eliyinqayizivele ekusebenzeleni iNingizimu Afrika nabantu bayo.

Okwenza lokhu kubongwa kukhuthaze ukuthi kubeke isisekelo sokuthi uSARS usungule indlela yokusebenza encike ekuzenzekeleni, ekutholeni ulwazi kumininingo, endleleni yokusebenza esebenzisa ubuchwepheshe. Sethemba ukuthi lolu hlelo luzothuthukiswa kuze kufike lapho ukuxhumana phakathi kukaSARS nabakhokhintela nabahwebi kwenziwe ngedijithali, ngendlela ezenzekelayo futhi engenazihibe!

Lokhu uMnu. Shaik asekwenzile kwaSARS selokhu afika eminyakeni engaphezulu kwengama-30 eyedlule, kuveza amandla akhe okuveza ukuba ungoti emkhakheni wakhe. Kuveza indlela eyimpumelelo aphethe ngayo ithimba lakhe ekubeni nomthelela omuhle egameni lakhe nasegameni likaSARS.

USARS uyaziqhenya ngokuphumelela kukaMnu. Shaik ngokuqhubeka nokuthuthukisa ukubaluleka kokuxhumana ngezobuchwepheshe phakathi kwesikhungo nabakhokhintela kanye nabahwebi. Ukubongwa akutholile kuinisekisa ukuthi laba anabo embonini bayalibona

igxathu elenziwe uSARS, phezu kwengcindezi kwezezimali isikhungo esibhekene nakho. Siyamuhalalisela uMnu. Shaik nethimba lakhe.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za